Inkolelo nenqubomgomo yemfundo kwa-IEB

I-IEB isebenza ngaphansi kwezimo zemfundo ezehlukene kakhulu – izikole zikaHulumeni kanye nalezo ezizimele. Kuphinde kube nezikole ezinazo zonke izingqalasizinda kanye nalezo ezingenazo izinsiza nengqalasizinda ezanele. Kunezikole lapho ukufundisa kuseqophelweni eliphezulu elingaqhathaniswa nanoma ukuphi ukufundisa emhlabeni jikelele. Kubuye kube nezikole lapho ukufundisa kusho ukufunda emanothini noma encwadini kuphela, uma umfundisi ezihluphile ngokuza egumbini lokufunda. Kunezikole lapho ubuqotho nokukhathalela ukwenza okwamukelekile eningini kuyigugu nenkolelo kanti kwezinye lapho ukuphumelela kutholakala ngokwenza izinto ezifanele noma ezingafanele. Lapho inkolelo enhle ilandela ngemuva uma kuza ekufezeni inhloso youmuntu othile. Singaqhubeka singaqedi sichaza umehluko wokungalingani ngokwezimo, kanye nalokho esikuzwayo nesikubonayo mayelana nesimo semfundo ezweni lakithi, esifundeni sethu kanye nasezwenikazi lethu.

INingizimu Afrika ibhekene nezingqinamba kwezemfundo, ngakho -ke abasebenzi kanye namalunga esigungu sakwa-IEB babuyekeze inhloso yabo yokuba yingxenye yezemfundo kulesi sifunda. Imfundo iyingxenye yomsebenzi odinga ukuthi ubuchule benziwe izigungu zochwepheshe kodwa ngaphezu kwalokhu imfundo ifana nochungechunge lwempilo elawulwa indlela yokuphila kanye nezinkolelo. I-IEB ifisa ukucacisa ngenkolelo yayo kwezemfundo kungakho-ke isungule lesitatimende esibiza ngokuthi – *Injongo nenqubomgomo yemfundo kwa-IEB.*

Kulesi sitatimende sizama ukuchaza esikubona njengenhloso yemfundo enhlanganweni efana ne-IEB. Ezivivinyweni zethu zokuhlola kanye neminye imisebenzi ehambisana nokuhlola, sizama ukugqugquzela izikole kanye nabafundisi ukuthi banikeze abafundi ithuba lokuhlaziya izihloko, babe yingxenye yemisebenzi eyizingxoxo kanye nenkulumo-mpikiswano ezothuthukisa amakhono kanye nokuziphatha okuhle. Sikholelwa ekutheni amalunga omphakathi esikhathi samanje kumele abe nalawo makhono. Umhlaba nomphakathi wethu oyingxubevange awudingi abantu abanesibindi nje kuphela kodwa kudingeka bakwazi ukubona izidingo zezwe babe nolwazi lokuthi umhlaba ongcono ungakhiwa kanjani

Abakwa-IEB benza yonke imizamo yokuqinisekisa ukuthi imisebenzi yabo yokuhlola isezingeni lomhlaba nanokuthi abafundi bethu bayakwazi ukuthola eminye imisebenzi yokuhlolwa esezingeni eliphezulu. Sikholelwa ekutheni uma singanikezwa ithuba, abafundi bethu kulelizwe bangakwazi ukuphumelela ngokufanayo uma beqhathaniswa nabanye abafundi abaphumelela ngamalengiso emhlabeni jikelele. Lokhu kugqugquzela uhlelo lwama-*Advanced Programmes* lakwa-IEB kanye nezivivinyo zokuhlolwa ezisezingeni lomhlaba.

Kuyilenkolelo yethu ezingeni eliphakeme labafundi bethu kanye nesizwe sethu enikeza i-IEB ugqozi lokwenza umthelela ngaphezulu kwezokuhlola kuphela.

Kungalesi sizathu i-IEB ikhipha isitatimende esichaza ukuthi imeleni njengesakhiwo esithuthukisa imfundo.

Inkolelo nenqubomgomo yemfundo kwa-IEB

Inhlosongqangi ye-IEB ukunikeza izeluleko zokufundisa nokufunda okuphusile eNingizimu Afrika ngokusebenzisa izinqubo zokuhlola ezifana nobuqotho, ubuhlakani okusezingeni lokuqhudelana nomhlaba wonke jikelele.

I-IEB iyakuqonda ukubaluleka kokuhlola okusezingeni eliphezulu ukuze kuthuthukiswe abafundi abazoba yizibonelo ezinhle emphakathi waseNingizimu Afrika, abazoba nekhono lokuxazulula izinselelo zomhlaba. Ngokusebenzisa izindlela zethu zokuhlolwa, sizokwazi ukugqugquzela nokukhulisa abafundi abazokwazi:

- ukucubungula nokuba abasebenzisi bolwazi ngendlela efanele
- ukuyicabangisisa into ngxenye zonke
- ukuxazulula izinkinga
- ukwenza nokubukisisa izinto
- ukuba nentshisekelo yokufunda ngaso sonke isikhathi/njalo
- ukuba amalungu omphakathi ahlonipha ukwahlukana kwemibono nezinhlanga, ikakhulukazi eNingizimu Afrika
- ukuba izakhamuzi ezidlala indima ehloniphekile emphakathini, ezizimisele (ezizibophezele) ngokugcina kanye nokuhlonipha Umthetho-sisekelo waseNingizimu Afrika nobunjalo bawo wonke umuntu.

I-IEB iyakweseka ukugqugquzelwa kwemfundo ephakeme kubo bonke abahlali baseNingizimu Afrika, ekwakheni umphakathi okhululekile, olandela intando yeningi, ubulungiswa kanye nokubaluleka kwamalungelo abantu, lapho ukuhlonishwa kwamasiko ahlukile kuncomeka futhi kwamukelekile.

Inhloso ye-IEB ukubamba iqhaza elibalulekile ekuthuthukisweni kwabantu ngokwakha nokwethula kanye nokuletha izidingo nokuthuthukisa amakhono anhlobonhlobo asezingeni eliphezulu, ukudayisa imikhiqizo yokuhlolwa engabizi, kanye nokusiza kuzo zonke izinhlanga (izinhlaka) zomphakathi.

Umsebenzi wakwa-IEB ungaphansi kwezibophezelo zokuzinikela **kule migomo ebalulekile** elandelayo: ubuqotho, inhlonipho, ukuzibophezela nokuzikhandla, ukusebenza ngokuthembeka, ukuxhumana, ukugcina umsebenzi osezingeni eliphezulu nokusebenzisana.